## 6 Ungabika inkohlakalo ngalezi zindlela:

Ngokuthinta uMnyango Wezimbiwa uma kumayelana nendaba ephathelene nezimayini;

Ngokuthinta umkhakha olwa nenkohlakalo woMnyango Wezolimo, Ukuthuthukiswa Kwezindawo Zasemaphandleni Nokuguqulwa Komhlaba ku- **0800 007 095**;

Ngokuvula icala esiteshini sendawo samaphayisa aseNingizimu Afrika; noma

Ngokuthinta i-Corruption Watch:
**www.corruptionwatch.org.za**
**0800 023 456**
KuWhatsApp: **072 013 5569**

## Izimo

**Ukufumbathisa:** UKarl ufuna ukunweba indlu yakhe ukuze abe negumbi eliyisitolo, kodwa umakhelwane wakhe uLindiwe akawuthandi umqondo wokuba kube nesitolo kamakhelwane. Kuzokwenza kube nabantu abaningi, umsindo nodoti emgwaqweni. Ufake isikhalazo ngamapulani kaKarl, ethi kungcono ukuba indawo ihlale ingeyezindlu zokuhlala kuphela. UKarl uya eMnyangweni Wamapulani WeDolobha LaseJohannesburg, akhulume nesikhulu esizokwenza isinqumo ngamapulani. UKarl ukhokhela isikhulu u-R5 000, amapulani akhe ayagunyazwa futhi uqala ukumba izisekelo zegumbi lakhe lokulala elisha ngosuku olulandelayo.

**Ukufuna ucansi:** URefiloe unezingane ezimbili ezincane. Lapho umkhukhu wabo umuka nomfula u-Jukskei, watshelwa uMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu, Amanzi Nenhlanzeko ukuthi uzothola indlu entsha. Okwamanje, usakhe umkhukhu azohlala kuwo, eDiepsloot. Ngolunye usuku, isikhulu esivela emnyangweni sifika emkhukhwini wakhe, yena engaphandle edlala nezingane zakhe. Umbonisa iphepha, elinegama lakhe phezulu ohlwini, okunguye ozolandela ukuba athole indlu ye-RDP. Ube esemtshela ukuthi ngeke ayithole indlu ngaphandle uma elala naye, bese engena endlini amlinde ekamelweni lokulala. Akukho okunye angakwenza. Unezingane ezimbili ezincane futhi udinga ukuba zibe nendlu.

**Ukungahambisi Ngendlela Ekukhipheni Imisebenzi:** Kunethenda ephumile yokuthuthukisa umhlaba othile ongakhiwe njengamanje. UMnyango Wezolimo, Ukuthuthukiswa Kwezindawo Zasemaphandleni Nokuguqulwa Komhlaba ungathanda ukuthola umakhi ozoguqula lo mhlaba ube indawo umphakathi ongayisebenzisa, indawo imindeni engachitha kuyo isikhathi ndawonye. Inkampani enikeza amacebiso okuthiwa i-On Par iyaqaphela ukuthi ingenza imali eningi ngokwakha indwo yokudlala igalofu kulo mhlaba. Akuhambisani nalokho umnyango okufunayo, ngakho ithembisa ukupha isikhulu u-10% uma siyisiza ithole ithenda. Isikhulu somnyango sishintsha amanye amathenda afakiwe, ukuze i-On Par iwine le thenda, nemali. Indawo yokudlala igalofu iyakhiwa futhi umphakathi ulahlekelwa ukuba nendawo ebizoba yipaki elihle.

**Ukwabiwa ngokungafanele kwezinsiza:** Inkampani inesithakazelo ekuthengeni indawo ethile kawonkuwonke engeyesizwe esithile esaziwayo. Umholi wendabuko uyavuma ukuyithengisa, ethi usebonisene nomphakathi, kanti akazange akhulume nhlobo nawo. Yonke imali kuba ngeyakhe. Lokhu ukweba.

Izinkampani zezimayini eSifundazweni sase-North West bezilokhu zinikela esikhwameni seZinhlelo Zezenhlalo Nentuthuko, esihloselwe ukuphakamisa imiphakathi ebezisebenza eduze nayo. Umholi wesifundazwe ubelokhu ezithathela le mali kuba ngeyakhe.

**Inkohlakalo yezombusazwe:** Umakhi wezindawo uhlangana nomholi wesifundazwe sase-Western Cape, futhi engxoxweni yabo, baqaphela ukuthi indawo encane yase-Bontheuwelburg isendaweni ekahle kakhulu ukuba kwakhiwe kuyo inxanxathela yezitolo. Umholi wesifundazwe sase-Western Cape uyaqikelela ukuthi le ndawo ihlonzwa kabusha, ukuze kwakhiwe kuyo izakhiwo zamabhizinisi. Izakhamuzi zase-Bontheuwelburg ziyakhishwa, ngaphandle kokuba zinikezwe isinxephezelo esifanele. Esinye sezakhamuzi, uSimphiwe, uzithola esehlala emikhukhwini, engakwazi ukuba nendlu ngemadlana encane ayitholile. Emavikini ambalwa kamuva, uvakashela e-Bontheuwelburg. Kudlula ugandaganda eduze kwakhe, futhi uyabona ukuthi zonke izindlu sezidiliziwe. Kunophawu olubonisa ukuthi endaweni yazo sekuzokwakhiwa inxanxathela yezitolo.




## 1 Iyini inkohlakalo yomhlaba?



Inkohlakalo yomhlaba iwukusetshenziswa kabi kwamandla umuntu awaphathisiwe ngokuzizuzisa yena siqu ekuphatheni nasekusebenzeni ngezindaba zomhlaba. Uma umuntu enomthwalo ngokusetshenziswa noma ubunikazi bomhlaba futhi esebenzisa kabi lowo mthwalo ekuzizuziseni yena siqu, leyo inkohlakalo.

## 2 Yenzeka kanjani inkohlakalo yomhlaba?



Kunezindlela ezimbalwa inkohlakalo yomhlaba eyenzeka ngazo, kodwa ezinye zezinto ezivamile zibandakanya ukushintshiselana ngomhlaba phakathi kohulumeni, izinkampani, abaholi bendabuko kanye/noma imiphakathi, ukuguqulwa komhlaba (lapho kwakhiwa imithetho noma ishintshwa) kanye nalapho kunezinhlelo zokuthuthukisa umhlaba.

## 3 Ziyini izinhlobo ezivame kakhulu zenkohlakalo yomhlaba?



**Ukufumbathisa:** Lokhu kwenzeka lapho umuntu ecelwa noma ecela ukukhokha imali ukuze asheshise ukunikezwa isevisi noma enzelwe izinto abengeke abe nelungelo lokuzithola, noma obekuzomelwe azilinde. Ngokuvamile izifumbathiso zikhokhelwa ukubhalisa umhlaba othile egameni lomuntu, ukuthola amadokhumenti angokomthetho noma ukuthola izimvume zokwakha.



**Ukufuna ucansi:** Lapho umuntu, ngokuvamile owesifazane, ecelwa ukuba aye ocansini nezikhulu ukuze anikezwe amalungelo emhlabeni othile noma anikezwe indlu.

**Ukungahambisi ngendlela ekukhipheni imisebenzi:** Lokhu kwenzeka lapho umnyango kahulumeni, i-ejensi noma esinye isikhungo sikahulumeni sinikeza inkampani ethile ithenda ukuze ithuthukise umhlaba othile ngaphandle kokulandela izinqubo ezifanele. Kwezinye izimo, izikhulu ezikhipha amathenda zixhumene nalezi zinkampani futhi zingase zizuze ezimalini ezinkulu ezikhokhelwa zona.

**Ukwabiwa ngokungafanele kwezinsiza:** Ukusetshenziswa ngokungafanele kwezinsiza (kubandakanya nomhlaba, izimoto njll.) umuntu noma abantu abaphathiswe zona.

**Inkohlakalo yezombusazwe:** Lena ngokuvamile ibandakanya abasebenzi bakahulumeni, izikhulu eziqokiwe nezinkampani ezakha umbimbi ukuze zenze imithetho nezivumelwano ezizuzisa ibhizinisi kodwa kulahlekelwe izakhamuzi ezivamile.

## 4 Iyini imiphumela yenkohlakalo yomhlaba?

- Abantu balahlekelwa yizindawo zokuhlala futhi baphucwe konke;
- Ifa namagugu abantu kuyasongelwa;
- Ingozi eyengeziwe yokungabi nokudla okwanele;
- Ingaholela engxabanweni nasekufeni kwabantu;
- Ukwehla ekukhuleni komnotho wezwe okuholela ebuphofini;
- Ukungalingani okukhulu ngokwengeziwe phakathi kwamadoda nabesifazane, abacebile nabampofu, namanye amaqembu ezenhlalo;
- Ukulimala kwezemvelo njengokungcola kwamanzi nomoya, okulimaza ezolimi nezilwane zasendle. Lokhu kungabanga futhi ingozi empilweni yezakhamuzi ezithintekile.

## 5 Ungalwa kanjani nenkohlakalo yomhlaba?

*Ungaya ezinkantolo uma unomuzwa wokuthi amalungelo akho anyatheliwe. Ungabheka le mithetho elandelayo, ezokuqondisa:*

1. **UMthetho-sisekelo waseNingizimu Afrika:** Kunezigaba ezimbalwa ezikhuluma ngomhlaba namalungelo ezindawo, kodwa ulwazi olubaluleke kakhulu lutholakala eSigabeni 25 naseSigabeni 27, ngokulandelana kwazo ezikhuluma ngendlela ukulungiswa kodaba lomhlaba okufanele kwenziwe ngayo ngemva komlando wezwe wobandlululu, kanye nesiqinisekiso samalungelo ezenhlalo nezomnotho i.e. amalungelo ezempilo, imfundo, ukulondeka njll.
2. **I-Precca (uMthetho Wokuvimbela Nokulwa Nenkohlakalo (Prevention and Combating of Corruption Act)):** Lona umthetho owenza inkohlakalo ibe isenzo sobugebengu kukho kokubili izinkampani zikahulumeni nezizimele. Wenza ukuba izinkantolo zithole umuntu enecala lokuzama noma lokwenza ukufumbathisa, ukukhwabanisa nezinye izenzo zenkohlakalo ezihlobene nalokho.
3. **I-PFMA (uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zikahulumeni (Public Finance Management Act)):** Lona umthetho obheke ukukhokhwa kwezimali zikahulumeni ezingafanele noma ezingagunyaziwe.
4. **UMthetho Wokukhuthaza Ukutshwalwa Kwezimali:** Lona umthetho owenza ukuba uhulumeni athenge umhlaba ngemali engaphansi kothengiswa ngayo ezimakethe.

*Kuneminyango nezinhlelo zikahulumeni ezizama ukuxazulula izinkinga eziningi ezihlobene nokukhishwa komhlaba, ukubhaliswa, ukwabiwa, ukusikwa, ukuthuthukiswa, inkohlakalo nezinye izindaba ezihlukahlukene. Ezimbalwa zazo zibhalwe ngezansi:*

1. **I-RDP (Uhlelo Lokwakha Kabusha Nokuthuthukisa (Reconstruction and Development Programme)):** Lolu uhlelo lukahulumeni wesizwe oluhloselwe ukubuyisela isithunzi nokutakula izakhamuzi zaseNingizimu Afrika ebuphofini obedlulele ngokunika umhlaba nezindlu kubantu nezakhamuzi ezithentekile.
2. UMnyango Wezolimo, Ukuthuthukiswa Kwezindawo Zasemaphandleni Nokuguqulwa Komhlaba.
3. UMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu, Amanzi Nenhlanzeko.

*Ungayivimbela kanjani inkohlakalo yomhlaba?*

1. Votela abaholi abalandisayo.
2. Yiya emihlanganweni yomphakathi emayelana nezindaba zomhlaba.
3. Bika inhlangano enedumela elihle uma usola ukuthi kwenzeke inkohlakalo yomhlaba.